**HILLCREST HIGH SCHOOL**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESITHATHU (PIII)**

**SEPTHEMBA 2018**

**MOTHER TONGUE**

**IBANGA LE-12**

**GRADE 12**

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: AMAHORA AMA- 2-½

LELI PHEPHA LINAMAKHASI AYI-6

**SEKUNGAWE MFUNDI !!!**

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehukaniswe iziqephu EZINTATHU:
   ISIQEPHU A: Indaba (50)
   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa umyalezo (30)
   ISIQEPHU C: Imibhalo emifushane edlulisa umyalezo (20)
2. Ohlolwayo kulindeleke ukuba aphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A , OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.
3. Phendula imibuzo ngesiZulu.
4. OHlolwayo makaqale umbuzo ngaMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa.
6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela:
   ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
   ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40
   ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30
7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.
8. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo.
9. Ohlolwayo makaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.
10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

# ISIQEPHU A

## INDABA

## UMBUZO 1

1. Khetha **ISIHLOKO ESISODWA** kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama -190 kuya emagameni angama – 240.
   QAPHELA: Uhlaka kumele luvele ngaphambi kwendaba.

1.1 Engizibona Ngiyikho Eminyakeni Emihlanu Ezayo. **(50)**

1.2 Umbono Wami Ngokugqokwa Komfaniswano (uniform) Ezikoleni.

**(50)**

1.3 Umculo ubalulekile kubantu abasha. Bhala indaba ngesihloko esithi:

Uhlobo Lomculo Engiluthandayo.

**(50)**

1.5 Bhala indaba ngesaga esithi: Amathe abuyela kwasifuba.
**(50)**

Khetha isithombe ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala indaba ngaso. Nika indaba yakho isihloko esifanele:

1.6.1



**(50)**

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### 2 Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 **Incwadi Yobungani**

Abazali bomngani wakho bamthengele imoto yohlobo oluphambili. Mbhalele incwadi umbongele umtshele ukuthi ayiphathe kahle imoto yakhe. **(30)**

2.2 **Umlando Ngomufi**

Umalume wakho ushone ngokukhulu ukuzuma. Umndeni ukucele ukuthi ubhale umlando wakhe. Bhala umlando ngomufi ozowufunda ngosuku lomngcwabo. **(30)**

2.3 **Amaminithi omhlangano**

Esikoleni sakho nibe nomhlangano lapho nidingida ukwenyuka kobugebengu nokungagcinwa kwemithetho ngabafundi esikoleni. Bhala i-Ajenda namaminithi alokhu enikuxoxile kulowo mhlangano. **(30)**

2.4 **Inkulumo- mpendulwano/ingxoxo**

Ubaba wakho ufuna uqhubeke nezifundo zakho eNyuvesi, wena ubona ukuthi ukufunda kuzokuchithela isikhathi ngoba unekhono lokudlala imidlalo yase siteji. Bhala ingxoxo phakathi kwakho nobaba wakho umbonise ukuthi kungakuhle akuvumele uqhubeke nokucijisa ikhono lakho lokudlala esiteji. **(30)**

AMAMAKI ESIQEPHU B:30

## ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

### 3. Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 **Isikhangiso**

Uvule indawo yokulungisa izinwele nezinzipho . Bhala **isikhangiso** ozoheha ngaso amakhasimende. **(20)**

3.2 **Iphosikhadi**

Ubuvakashele umalume wakho ohlala phesheya kwezilwandle. Usubuyile kuleli. Ufisa ukumbonga ngendlela akuphathe ngayo ngesikhathi umvakashele. Bhalela umalume wakho **iphosikhadi** ubonge. **(20)**

3.3 **Imiyalelo/Iresiphi**

Ubabekazi wakho ubenivakashele wamuphekela isitshulu (stew) esimnandi senyama yenkukhu. Ukucele ukuthi umufundise ukuthi usipheke kanjani. Bhala **imiyalelo/ iresiphi** oyisebenzisile ukusipheka. **(20)**

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20
MAMAKI ESEWONKE: 100